NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2025

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II**
**ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II**

**MARKING GUIDELINES**

Isikhathi: Amahora ama-2½ | Amamaki ayi-100

**These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.**

**The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.**

IEB Copyright © 2025

## ISIQEPHU A *UMHLABA OFILE* – SEBASTIAN JILI

## UMBUZO 1

1.1 NguBongiwe no-Amahle.

1.2 Bangabangane abakhulu.
Bayazwana, bahlala ngandawonye, Bangomakhelwane

1.3 1.3.1 B Ukwenza into enganamphumela.
1.3.2 A Uyintombi esizoshada

1.4 U-Amahle **uyingoduso** kaSabelo.

1.5 Kuzoya ngempendulo yomfundi esekwe kahle ngokugcwele.

- Ungumuntu ongenalo iqiniso (ikhasi 36), uthi wayevala isikhala ngoSabelo ngoba wayengekho uSolomon amthanda ngeqiniso.
- Wayengumuntu ongenamahloni, osho akucabangayo ngaleso sikhathi (ikhasi 37) okucacisa ngokusobala ukuthi yena akanendaba ngokungenzeka ngenxa yokuthandana noSolomon. Unguthathekile, akanasimilo, uthanda izinto (emva kokufunda ngokubuya kukaSolomon phesheya ushintsha umqondo ngomuntu afuna ukushada naye) (ikhasi 35), lokhu kwamenza ukuthi abuyelane noSolomon engakahlukani noSabelo okumenza athandane nabantu ababili ngesikhathi esisodwa.
- Wayengumuntu owenza izinto ngendlela yakhe. Wayesejwayele ukuziyela kubo kaSolomon ebe eyingoduso kaSabelo lokhu okwakungamfaka enkingeni enkulu futhi kulihlazo endaweni yasemakhaya.
- Ungumuntu onesibindi ngoba uyakuthanda ukulwa. Uyayazi into yifunayo futhi uyayilwela into ayifunayo yikho engakwazi ukulalela. (ungumuntu ongalaleli).
- Akazazi ufunani empilweni: emva kokuqeda umatikuletsheni akaziqhubanga izifundo zakhe. Esikhundleni sokulinda uSolomon wathandana noSabelo. Ekubuyeni kwakhe (uSolomon wazibona esefuna ukubuyelana noSolomon.

1.6 Kulo mbuzo kuzokwamukelwa impendulo esekwe kahle ekhombisa ulwazi olwanele lwencwadi.

1.6.1 Kulo mbuzo kuzokwamukelwa impendulo esekwe ngokugcwele ekhombisa ulwazi lwendaba kanye nomlingiswa u-Amahle.
U-Amahle ufuna ukuphuma kulo mendo wakhe noSabelo ngoba wayengamthandi ngokweqiniso uSabelo wayenzela ukuvala isikhala manje isoka lakhe selibuyile phesheya. Useyahluleka ukuzenzisa yingakho esefuna ukuphuma abuyele esokeni lakhe lakudala uSolomon (ikhasi 36–37).
Wayengafuni ukubukeka njengomuntu ongathembekile futhi ongalungile yikho ebona kungcono ukuphuma kumendo wakhe.

1.6.2 Kuzoya ngempendulo yomfundi ekhombisa ukuzwelana nabalingiswa, uSolomon, uSabelo noma u-Amahle.
**For positive** – Umfundi angaveza ukuthi uAmahle kumele aqale akhulume iqiniso kuqala ahlukane noSabelo ngaphambi kokuba uthandane noSolomon.

IEB Copyright © 2025

Umfundi angamgqugquzela u-Amahle ukuthi alandele inhliziyo yakhe kodwa aqaphele angabulawa yiphoyisa elinguSabelo yikho kumele azivikele ngokuhlukana noSabelo kuqala.
Umfundi angamgqugquzela u-Amahle ukuba alwele ubudlelwane bakhe noSolomon ngoba uhlakaniphile, udumile futhi angaba sethubeni elihle lokuzitholela udumo nokungabi nezinkinga zemali impilo yakhe yonke.
Negative: Umfundi angaxwayisa u-Amahle ngobungozi obungamvelela uma eqhubeka nokuqinisa ikhanda ngesinqumo asesithathile okungathukuthelisa uSabelo agcine efuna ukubulala uSolomon noma u-Amahle.
Umfundi angaveza ukuthi u-Amahle uzehlisa isithunzi ngokuba namasoka amabili okungenza umndeni wakhe ugcine unegama elibi emphakathini.
**Nokunye okunembayo.**

1.6.3 USolomon wahlaselwa ngabantu ayengabazi ababethunyelwe nguSabelo bamlimaza, ngenhlanhla wakwazi ukubaleka. Umndeni wakhe wathola umlayezo wokuthi ushonile. U-Amahle waxabana noBongiwe ngoba wayemsola ngokuxhumana nesoka lakhe uSabelo. U-Amahle washaya kabi uBongiwe wamshiya equlekile engazi noma uzovuka. U-Amahle waboshwa ngamaphoyisa ngenxa yalesi senzo. Icala lika-Amahle akwaziwa ukuthi laphelelaphi kodwa ekugcineni uSabelo wabulala u-Amahle naye wazibulala.
Umfundi angaveza ukuthi ubudlelwane phakathi kuka-Amahle noSolomon abuhambanga kahle ngoba uSolomon walimala kwaduma ukuthi ushonile kanti uyaphila. U-Amahle waboshwa wagcina ngokushona ebulawa nguSabelo.
**Nokunye okunembayo.**

Ulimi nohlelo
Inani lamagama nokulibhala

**UMBUZO 2**

Le ndaba yenzeka endaweni **yasemakhaya** esikhathini samanje. (Ikhasi 1–3)

Sekela lokhu ngokulandelayo:

- Lapha umfundi ulindeleke ukuba abhale amaphuzu amane, angahlanganisa okulandelayo nokunye: ubuholi bendawo, usikompilo, isimo sendawo, izithuthi, imfundo, imisebenzi nokunye okunembayo. (Imisebenzi njengokusenga izinkomo nokuluka amacansi)

  Umphakathi waseMafakatini usondelene kakhulu, okwenzeka koyedwa wabo kubathinta bonke. (Ukuphumelela koSolomon noJohn beze bethola umfundaze wokuyofunda phesheya kwajatshulelwa yiwo wonke umuntu. Noma sekuthiwa uSolomon ushonile umphakathi yiwona owawulekelela umndeni wakwaGasa.)

  Indawo yaseMafakatini isabuswa/iholwa yinkosi. Abantu kumele babikele inkosi yonke into abayenzayo. OGasa noNtuli babizelwa enkosini ukuba bayochaza ngezindaba esezigcwele izwe lonke mayelana namadodana abo.

  Indawo yaseMafakatini ngeyasemakhaya njengoba uma ike yahlaselwa yisimo esibi sezulu njengezikhukhula/isishingishane yayingabuyeli endaweni yayo ngenxa yokuthi isemakhaya, izidingongqangi kanye nentuthuko kuyaphuza ukufika (ikhasi 1).

  Yize kusemakhaya, abafana bafundile, baneziqu zaphesheya, basebenzisana nophrofesa baphesheya, okuyizinkomba zesikhathi samanje.
  **Nokunye okunembayo.**

- Kuzokwamukelwa impendulo enembayo ehambisana nokusencwadini.
  **USolomon noJohn** ngabafana basemakhaya abafundile kodwa basabuyela endaweni yakubo ukuze baqhubeke nokwenza uphenyo lwabo olwaluzofeza amaphupho abo. Bayazithoba uma bekhuluma nabantu abadala.

  Emva kokubuya phesheya uJohn noSolomon baqhubeka nokuphila ngendlela enenhlonipho: basasenga izinkomo (ikhasi 8), uma bengena emzini womuntu bayakhuleka into engenziwa emadolobheni. USolomon uyabufihla ubudlelwano bakhe no-Amahle kubazali bakhe lokhu kujwayelekile endaweni yasemakhaya.
  **Nokunye okunembayo.**

IEB Copyright © 2025

- Kuzokwamukelwa impendulo enembayo ehambisana nokusencwadini.
  **UNtuli noGasa** bangabaMnumzane basendaweni abahlonishwayo ngenxa yokufunda nokukhalipha kwababafana babo. Bachitha isikhathi ndawonye njalo bezixoxela ngezakudala njengoba babesebenza ndawonye kwaLoliwe. Babefuye izinkomo, amakhosikazi abo etshala ezingadini. Bona babethanda ukuhlala ngaphansi kwesihlahla baziphuzele umqombothi/utshwala besintu.

  Babengafundile ngenxa yalokho babekuthola kunzima ukuqonda okwakuchazwa ngabafana babo mayelana nohambo oluya enyangeni.

  Babeyihlonipha kakhulu iNkosi yendawo lokhu kubonakala ngokuthi ngesikhathi bethola umlayezo wokuthi bayabizwa yiNkosi yendawo, babanokwethuka novalo basukumela phezulu.

  Bayawesaba futhi bayawahlonipha amaphoyisa. Ngesikhathi kufike iphoyisa uShezi linolaka bacabanga ukuthi bayaboshwa babenovalo. Kodwa izingane zabo azikhombisanga ukwesaba zafuna incwadi egunyaza iphoyisa ukuba liseshe ikamelo likaSolomon.

- Kuzokwamukelwa impendulo enembayo ehambisana nokusencwadini.
  Izingane ziyabahlonipha kakhulu abazali noma sezinemfundo engaphezulu kakhulu kweyabazali. UJohn akamphenduli kabi uyise ngesikhathi embuza ukuthi usezisengile yini izinkomo njengoba esehleli nomngane wakhe uSolomon (ikhasi 8). USolomon uhlonipha abazali bakhe akaphumi noma ikanjani uma eyolala kwa-Amahle. Uqamba amanga athi uya ebanganini.

  Abazali babona kuyindawo yabo ukuqondisa noma ukwazi ukuthi kwenzakalani ezinganeni zabo. UGasa uze afise ukubashaya abantwana babo ukuze baqonde njengoba bona bebona sengathi abenzi lutho emva kokuyofunda phesheya.

  Abazali bayangenelela ezinqumweni zezingane zabo ngenxa yokuthi babenezifiso ezinkulu ngazo. UNtuli ngenxa yokuzwelana nendodana yakhe emva komngcwabo kaSolomon ufisa sengathi uJohn angaluyeka uhambo lwakhe lwapesheya (ikhasi 109).
  Izingane zikhulumela abazali bazo ngesikhathi bebizwe yiNkosi noma kufike iphoyisa uShezi.

  Ekugcineni uNtuli noGasa banikeza izingane zabo izibusiso. Lokhu kwenza izingane zikhululeke ngomsebenzi wazo.

  Amagalelo kaSolomon noJohn athela izithelo ezinhle kubazali ngoba bakhelwa imizi emihle bathola nonogada nokunye

  Ulimi
  Inani lamagama nokulibhala

## UMBUZO 3

Kuzokwamukelwa i**ngxoxo** ezoveza okuningi ngabalingiswa nokwenzeke endabeni.

Kubalulekile ukuthi umfundi asebenzise amagama afanele abalingiswa.

**UScelo Mtolo**

Angabuza uSolomon imibuzo ehambisana nokulandelayo:
- Umuzwa wokweneliseka njengoba iphupho labo lifezekile.
- Angabuza noma axoxisane noSolomon ngokusebenzisana kwakhe nabantu bapheshеya ikakhulukazi uma bebhekisisa ukushayisana kwesikhathi sosuku, amasiko kanye nendlela yokucabanga ehambisana nendawo abaphila kuyo.
- UScelo angamcela axoxe ngezingqinamba ababhekane nazo benza amalungiselelo okuya enyangeni.
- UScelo angaxolisa ngokubika ngodaba lungakavuthwa okwabadonsela amehlo omhlaba wonke, nokwenza basolwe ngezinto ezingelona iqiniso njengokuthi bafuna ukuvukela umbuso, njll.
- Angambuza ngamahebezi okuthandana kwakhe no-Amahle, nokuthi kwacishe kwaziphazamisa kanjani izinhlelo zakhe zokuthatha uhambo.
- UScelo angabuza ngokuthi kwabaphatha kanjani ukungenelela kwabazali babo, ukubizwa iNkosi, ukufika kuka-Amahle empilweni kaSolomon okucishe kwathatha impilo yakhe, kwaphazamisa uphenyo.
- UScelo angabuza uSolomon ngoshintsho nokufeza izinhloso zabo ngokuya enyangeni.
- Intatheli ingacela uSolomon aphe abantu abasha iseluleko.
- Angabuza nangezinhlelo zekusasa lakhe noma ngocwaningo olusha lokuya kweminye imihlaba.

**Nokunye okunembayo.**

**USolomon**

Angaphendula imibuzo kaScelo noma axoxe kakhulu ngokulandelayo.
- Ukuthi uzizwa kanjani ngempumelelo yakhe noJohn.
- Angaveza izingqinamba abahlangabezana nazo benza amalungiselelo ohambo lwabo noJohn.
- Angaphendula ngokujabula anakho njengoba yena nomngane wakhe uJohn bengabokuqala e-Afrika ukusebenzisana nochwepheshe bakwamanye amazwe ukuba nohambo lwasenyangeni olube yimpumelelo.
- Angaphawula ngoshintsho alulethile emhlabeni wonke ngomhlaba wabo omusha abawuqalile enyangeni kanjalo nokugcinwa kwemvelo ephilayo emhlabeni omusha.
- Angaphawula ngosizo abaluthola kubo bonke abantu ikakhulukazi uhulumeni. Kanye nezwe laseChina.
- Angagqugquzela intsha esafunda ukuthi ingalilahli ithemba. Ikholelwe emaphusheni ayo futhi isebenze ngokuzikhandla ukuze iphumelele.
- USolomon angahalalisela uScelo ngomsebenzi wakhe omuhle nesikhundla sakhe esisha.

**Nokunye okunembayo.**

**Ukwabiwa kwamamaki**

- Ingqikithi (okusendabeni / okwakho)
- Isakhiwo (isingeniso sengxoxo, ukweqa imigqa, imizwa, block format)
- Ulimi nohlelo (izivumelwano, isipelingi) (ulimi olunothile)
- Inani lamagama nokulibhala

## UMBUZO 4

**Isingeniso**
Ukuzethula nenhloso yokuba semsakazweni.

Kuzoya ngempendulo yomfundi.
UGasa angabingelela abalaleli abonge ithuba alitholile. Angabingelela ngokukhethekile umngane wakhe uNtuli kanjalo nabafana oSolomon noJohn. Angabeka ukuthi umele imindeni yomibili, wakwaGasa nowakwaNtuli kanye nomphakathi wonkana. UGasa aphinde aveze ukuthi babengathembi ukuthi iphupho labafana lalingafezeka futhi babesaba kakhulu. Angachaza nokuthi uzohalalisela amadodana abo ngomsebenzi obeyimpumelelo enkulu wokuvakashela enyangeni.

**Umzimba**
UGasa uzochazela umphakathi ngokusebenza kanzima kwamadodana abo noNtuli kusukela esafunda isikole aze athola ithuba lokuya phesheya kwezilwandle.

- UGasa angaqala ngokubeka abalaleli esithombeni sokuthi amadodana abo asebenza kanzima kusukela esemancane emabangeni aphansi aze akhula afika kumatikuletsheni. Angachaza futhi ngobudlelwano obuhle phakathi kwemindeni yomibili kanye nabafana babo. Angachaza umfundi ngendlela amadodana kaGasa noNtuli ajabulisa ngayo abazali ngesikhathi bethola umfundaze wokuyofunda phesheya ngenxa yokuzimisela kwawo. Nokunye okuhambisana nokusebenza kanzima kukaSolomon noJohn.

Indima eyadlalwa ngabazali bakaSolomon noJohn ngesikhathi benza uphenyo namalungiselelo okuya enyangeni.

- Umfundi angaveza ukuthi abazali behluleka ukuqonda iphupho lamadodana abo, aphinde aveze ukuthi ubaba ngamunye wayelindeleni endodaneni yakhe, ikakhulukazi njengoba ayesephuma phesheya kwezilwandle. Angaveza ukuthi impumelelo yamadodana abo noNtuli ingumphumela wesandla sabazali esiqinile nokusebenza kwabo kanzima. Umfundi angasho ukuthi uGasa wayenenhloso ngokunika uSolomon igama lakhe yikho ekhombisa ukukhalipha njalo.

    - Ubunzima amadodana adlule kubo:
      Umfundi angachaza ukuthi uSolomon noJohn babanezinkinga ezinye ngaphandle kwezibalwe ngezansi. Kungaba isimo sezulu esasiguquguquka ngisho noma sebesendleleni ophulofesa yokuzobalanda eNingizimu Afrika (ikhasi 137–138).
      Umfundi angaveza ukuthi abantu abaningi babengakholwa wukuthi bangaphumelela ukuya enyangeni babuye bephila. Lokhu kwabaphazamisa kakhulu ngoba njalo kwakufanele babeke umsebenzi wabo wokulungiselela uhambo bachaze (ikhasi 53–54).

IEB Copyright © 2025

- Ukungenelela kwamaphoyisa
  Umfundi angamveza uGasa ekhononda ngamaphoyisa nokungaphenyi kahle udaba lokulimala kukaSolomon. Umfundi angaveza ukuthi iphoyisa uShezi wayefungile ukuthi uzobaphazamisa laba bafana ngoba bagila umhlola (ikhasi 63). Umfundi angabhala ngokufika kwephoyisa ngokudelela likhulume kabi kubona lingabahloniphi lifune ukusesha indlu ngaphandle kwemvume.

- Abezindaba/intatheli
  Ukungenelela kwabezindaba kwaletha ukudideka okwenzeka emva kokusabalala kwezindaba zokuya enyangeni kukaSolomon noJohn.
  Umfundi angaveza imizwa yokungeneliseki kobaba bobabili ngenxa yovalo lokuboshelwa imibiko echemile eveza amadodana abo njengamavukela mbuso.
  Kungavela empendulweni ukuthi oGasa noNtuli babizwa ngisho nayiNkosi yendawo ngenxa yokusabalala kolwazi olungelona iqiniso.
  Ukufika njalo kwentateli uScelo kwacishe kwaphazamisa izinhlelo zabo kodwa ekugcineni kwaba yimpumelelo ngoba noma abafana babesenyangeni baqhubeka nokuxhumana noScelo.
  **Nokunye okunembayo.**

- Ukulimala kukaSolomon
  Ukulimala kwabaphazamisa kakhulu oSolomon noJohn ngoba kwama yonke into ikakhulukazi sekutholakala ukuthi uSolomon ushonile. Ochwepheshe banika uJohn izinyanga ezintathu zokuzila engaqhubeki nophenyo.
  Umfundi angaveza ukuphazamiseka kukaJohn emva kokungatholakali kukaSolomon nokuzama ukuxhumana nochwepheshe baphesheya emva komngcwabo kaSolomon (ikhasi 111).

Chaza ngohambo lwamadodana abo nangendlela amadodana ayexhumana ngayo nemindeni yawo.

Umfundi angaveza ubuhle bosuku amadodana abo ayezohamba ngalo kanye nokwethuka ababenakho ngenxa yokuduma kwezulu okwamenza wafuna ukugcaba abantu abaqinise ukuze bangabulawa yizulu (ikhasi 140–141).

Umfundi angaveza ukujabula ngengqophamlando eyenzeka ngalolo suku ngesikhathi kufika umkhumbimkhathi endaweni yaseMafakatini (ikhasi 145).

Umfundi angachaza ngobuhle bomcimbi wokuvalelisa amadodana kaGasa noNtuli abonge ukwesekwa nguhulumeni kanye nezwe lonke ngokweseka amadodana abo.

- Angachaza ukuthi uSolomon noJohn bafika enyangeni basebenza kanzima ukwenza ukuthi indawo yasenyangeni ibe ngephilayo enomoya nemvula konke kokwakhiwa okuyinto eyayihlula inqwaba yabelungu, phambilini. Umfundi angaveza ukuthi uSolomon noJohn ngesikhathi befika emkhathini balungisa izindlela zokuxhumana **zama*Satellite* nomabonakude** lokhu okwenza bahlale bakhululeke abazali ngoba babenesiqiniseko sokuthi amadodana abo ayaphila (ikhasi 151).
  **Nokunye okunembayo.**

Chazela abantu ngobungozi bokungenelela (*interfere*) ezinqumweni ezithathwa yizingane ngekusasa lazo kanye nemiphumela yakho.

- Umfundi angaveza izindlela uGasa noNtuli ababecasuke ngayo uma abafana babo bezivalele endlini benza ucwaningo. Lokhu kudala ingcindezi enkulu enganeni futhi kungadala nokushayisana (ikhasi 3–4).
  Ngenxa yokungabi naso isiqiniseko nokungabi nalwazi olwanele bazithola belwa nezingane zabo esikhundleni sokubeseka.
  Angaveza nokuthi ukungaseki ingane kungaba nomphumela omubi. Ingane ingagcina ikuzonda impilo yayo yonke noma ingazibulala.
  Angaveza nokuthi bagcine sebezwana kakhulu nabafana babo ngesikhathi bengasamile endleleni yabo. Bangaveza ukuthi kwabalula kanjani ukusebenzisana namadodana abo ngesikhathi sebeweseka ngokugcwele.
  Lokhu kwaqinisa ubudlelwano babo kakhulu.

**Isiphetho**
Ukubonga umphakathi waseMafakatini nemizwa yemindeni ngohambo olube yimpumelelo. UGasa angabonga umsebenzi omkhulu owenziwe wuSolomon noJohn abawenzele umphakathi nezwe lonke njengoba indawo yaseMafakatini isithuthukile nabo sebenemizi emikhulu, onogada, bayahlonishwa njll

- Umfundi angaveza ukubonga kukaGasa ebonga iNkosi yendawo kanye nezinduna ngokuhamba nabo yonke indlela. Angabonga abantu abafika bazokweseka abafana ngesikhathi beya phesheya okokuqala ngqa. Kanjalo nalaba abaze balala kwaGasa kulindwe umkhumbimkhathi (ikhasi 139).
  Angabonga nentatheli uScelo Mtolo ngesineke abe naso nokulandelela yonke imininingwane ngodaba lokuya enyangeni okwenze nabo bafunda lukhulu kuSolomon.

  **Isakhiwo**
  - Isihloko
  - Izigaba

  **Ulimi nohlelo**
  - Izivumelwano
  - Isipelingi
  - Ulimi olunothile

  Inani lamagama nokulibhala

## ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

## UMBUZO 5

Phendula **uMbuzo 5.1** NOMA **uMbuzo 5.2**. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwayi-180**.

5.1 **INKULUMO**

**Isakhiwo**

- **Isihloko:** Kubalulekile ukuthi isihloko sibe nokuthi inkulumo izokwenziwaphi; ngubani; ngaluphi usuku; futhi sethule ingqikithi yenkulumo .
- **Ukuvula/isibingelelo** (1); Kumele oxoxayo abingelele abakhona ngezigaba zabo, abakhulu nabancane, abalandelanise kahle ngokwamazinga abo.
- **Isingeniso** (1); Isingeniso kumele sihehe sibe sifushane siphoqe abantu ukuba balalele. Singaba iqiniso elake lashiwo omunye. Indatshana ehlekisayo kodwa ephathelene nazokusho. Umbuzo odinga impendulo ephathelene nazokusho. Akenze abalaleli babenesasasa kwakushoyo. Angaxolisi ngakushoyo, kuqeda umdlandla.
- **Izigaba** (izihloko/nezihlokwana) (1)
- Ukubonga ithuba (ekuqaleni noma ekugcineni) (1)
- **Isiphetho** (1); Isiphetho asigculise, kube ngesifanele, esifishane nesinembayo. Angasebenzisa lezi zindlela ukwenza lokho. Angafingqa inkulumo yakhe ngokugcizelela amaphuzu asemqoka awashilo. Angafaka inselelo.

**Ingqikithi**

- Ukubaluleka kwebanga 12 empilweni yomfundi nakubazali.

  Umfundi angaveza ukuthi ibanga leshumi nambili yilo eliyisibuko sokuthi umfundi uzolilungisela kanjani ikusasa lakhe ikakhulukazi ngemiphumela kamatikuletsheni. Umfundi angazithola esefunda enyuvesi yamaphupho akhe. Imiphumela kamatikuletsheni ingavula iminyango yokuthola imifundaze noxhaso. **Nokunye okunembayo.**

- Izikhundla zobuholi nezamaqembu, nokubaluleka kwazo.

  Umfundi angakhuluma ngezikhundla abafundi bakumatikuletsheni okumele bazengamele nokubaluleka kwazo. Lokhu kwakhela umfundi igama elihle uma sekubhalwa ama*testimonials* nokunye. Izikhundla zibalulekile ukunika abafundi ikhono lempilo nokuhola ngobuqotho okungabenza abaholi abavelele kusasa.

- Ukumelana nengcindezi yonyaka webanga le-12.

  Umfundi angaveza ukuthi unyaka wokugcina esikoleni unengcindezi nokuningi okulindeleke kumfundi njengokuthi aziphathe njengomuntu osekhulile ngokomqondo kuze abe yisibonelo kwabanye abafundi abamlandelayo. Angabala nengcindezi efika nomsebenzi wesikole kanye nokuphumelela kwezemidlalo. Angakhuluma ngengcindezi evela kubangane kanye nomndeni. Ingcindezi efana nemicimbi yesikole njenge*Matric Dance*, imibukiso yobuciko nokunye okuhambisana nengcindezi.

IEB Copyright © 2025

- Ukunakekela umzimba wakho; ukuphumula ngokwanele; ukuzivocavoca nokudla okufanele.

  Umfundi angaveza izinzuzo zokudla ukudla okunomsoco kanye nokuzivocavoca ukuze ahlale ephilile. Ingqondo ihlale iphapheme uma umuntu ejwayele ukunyakazisa umzimba. Angaveza ukuthi ukulala kubaluleke kangakanani kumfundi nokumgcina ephilile, nokuhlela isikhathi, enze wonke umsebenzi enesikhathi esanele ukuze angazifakeli ingcindezi ngokwenza umsebenzi ngomzuzu wokugcina.

- **Ngaphansi kwesihlokwana esithi NOKUNYE:** kungaba ukungatholi isikhathi samaholidi, isikhathi sokuzijabulisa, sokuthandana, ukungatholi isikhathi sokuxhumana, ukuphazamiseka kwengqondo, ukungatholi isikhathi esiningi somndeni, ukuphathwa ukwathalala.

  NB: Kuzoya ngempendulo yomfundi. Okubalulekile ukuthi kuhambisane nesihloko.

**Ulimi**:
- Izimpawu zokubhala
- Izivumelwano
- Isipelingi
- Ulimi olunothile

**Amagama**: anele, ukubhala inani lamagama

5.2 **AMAMINITHI OMHLANGANO**

**Isakhiwo**
- Isihloko umhlangano wobani
- Isikhathi
- Usuku
- Indawo
- Ukuvula
- Abakhona
- Abaxolisile
- Abangekho
- Ukufundwa kwamaminithi omhlangano odlule
- Okuvuka emaminithini
- Ukwamukelwa kwamaminithi
- Ezintsha
- Okuxubile
- Ukuvala

**Ingqikithi**
Ingqikithi ingafaka okulandelayo nokunye:

- Isikhathi sokuvula nokuvala.

  Umfundi angaveza ukuthi abafundi bayakhalaza ngesikhathi sokuvula nokuvala okungenzeka ukuthi kuvulwa emva kwesikhathi. Abafundi abazilolonga ekuseni kakhulu abakwazi ukuthola ukudla noma ukufaka

ama-oda. Kanjalo nabenza imidlalo ntambama bakhala ngokushesha ivalwe i-*tuck shop* okwenza bangabi nokudla noma okuphuzwayo.
**Isinqumo:** Kwavunyelwana ukuthi kuzobuyekezwa izikhathi zokusebenza kwesitolo okuzohambisana nezikhathi ezicelwa ngabafundi kanye nokutholakala kwabasebenzi abazosebenza ukulekelela abafundi. **Nokunye okuhambisana nephuzu elingenhla.**

- Ukudayisa ngezimpelasonto nangamaholidi.

  Umfundi angaveza ukuthi abafundi abenza ubuciko noma imidlalo ngezimpelasonto banenkinga yokungabi nokudliwayo. Nabazali bazithola bekhokha imali ephindaphindiwe ukuthengela abafundi ukudla ezitolo ezisheshayo. Kwatholakala ukuthi lezi zinkinga zidalwa ukungavulwa kwesitolo sokudla uma kunemidlalo noma kunabafundi abenza ubuciko. Abafundi baphakamisa ukuthi bacela kuvulwe uma kunabafundi noma izikole ezivakashile.

  **Isinqumo:** Isikole sizoxoxisana nomphathi wesikole mayelana nokuvulwa kwesitolo sokudla ngamaholide nangezimpelasonto. **Nokunye okunembayo.**

  Amanani okudla.
  **Nokunye okuhambisana nezinkinga noma amaphuzu abekiwe**.
  Mabanyuse inani lokudla, abandise izinhlobo zokudla abazidayisayo.
  Ukudla okuhlukahlukene
  Mabashintse imenu, badayise nokwama-vegan.

  Abafundi bakhalaza ngamanani okudla ashintsha njalo okwenza kungabi lula ukuzihlela. **Nokunye okuhambisana namanani okudla.**

  **Isinqumo**: Abafundi bacela amanani okudla ahlelwe njalo ngethemu futhi angashintshi bengaziswanga.

- Ukudla okuhlukahlukene (*variety*).

  Umfundi angaveza ukuthi abafundi bakhalaza ngokuthi kudayiswa ukudla okufanayo zonke izinsuku. Ukudla okungenampilo yikona okukhona kakhulu futhi akupheli.

  **Isinqumo:** Abafundi bavumelene ngokuthi kube nokudla okunomsoco okuningi kanjalo nokusuthisayo ukuze abafundi bakwazi ukuzihlelela ngokwezimali nokunye okuhambisanayo.
  **Ngaphansi kwesihlokwana esithi NOKUNYE: kungezwe isikhathi sekhefu, kube nendlela yokuthenga ngobucwepheshe, kube nemishini edayisa ukudla emva kwesikhathi, kubenezikhathi zekhefu ezingafani ukuze wonke umfundi alithole ithuba lokuthenga.**

**Ulimi**:
- Izimpawu zokubhala
- Izivumelwano
- Isipelingi
- Ulimi olunothile

**Amagama**: anele, ukubhala inani lamagama

IEB Copyright © 2025

## UMBUZO 6

Phendula **uMbuzo 6.1** NOMA **uMbuzo 6.2**. Bhala amagama **ayi-60** kuya **kwangama-80**.

### 6.1 IBHULOSHA

Kulo mbuzo kuzoya ngempendulo yomfundi ekhombisa ubuciko bokuziqambela.

Kubalulekile ukuthi impendulo yomfundi ihambisane nokulandelayo:

- Imininingwane ephelele/egcwele yesitolo.

  Umfundi angabhala igama lesitolo nekheli eliphelele kanye nesakhiwo isitolo esikuso.
  Umfundi akaveze imininingwane efana nezinombolo zocingo kanye nabaphathi abangathintwa. Angaveza okwenza isitolo sakubo sehluke kwezinye izitolo. Umfundi angaveza ukuthi isitolo sakubo sisendaweni ephephile futhi ehlanzekile. Nokunye okuhambisana nemininingwane yesitolo.

- Ukudla okuvelele okudayiswa esitolo.

  Umfundi akaveze imenyu yokudla noma abalule ukudla okwenza isitolo sakubo sihluke kwezinye izitolo ezisendaweni. Angaveza ukudla kwamanye amazwe ase-Afrika.

- Nokunye okuhambisana nesihloko.

  **Isakhiwo**
  Igama lesitolo esikhangiswayo;
  Ukushiya izikhala, amaphuzu acacile
  Ukuheha
  **Ulimi nohlelo**: izivumelwano; isipelingi
  **Amagama** anele, ukubhala inani lamagama

### 6.2 IKHADI LOKUBONGA

Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi kodwa okumele kucace yilokhu:

**Ingqikithi**

Izizathu zokuthumela ikhadi lokubonga.

- Izizathu zokubhala leli khadi ukubonga ukuphumelela ngamalengiso ezifundweni zikamatikuletsheni, ukuzikhandla kukathisha, ewa evuka ukuze lo mfundi asizakale, ukumgqugquzela nokumupha ugqozi nethemba lokuthi naye lo mfundi angakwazi ukuphumelela.

IEB Copyright © 2025

Okwenza nisondelane nothisha.

- Umfundi angaze anikeze nezibonelo njengamazwi okugqugquzela ayekhulunywa ngulo thisha, usizo ayeluthola ngisho sekuphume isikole, usizo lokumtholela abanye othisha abazomfundisa kwezinye izifundo ezinikeza lo mfundi inkinga, ngisho nosizo lwemali imbala.

- Umfundi angaphinde abhale nezizathu ebezimenza ahluphe esikoleni njengokuthi washonelwa abazali, ukhuliswe ngumalumekazi, inhlupheko ngoba ebona abanye benezinto ezingcono, ukhule ubaba ehlukumeza umama ekhaya.

  Angaphinde aveze ukuthi ubengahloniphi ngoba abazali bakhe abakaze bamuphe uthando olunjengezinye izingane, ukhule ehlukunyezwa lokhu kwambangela ulaka, njll.

  Indima edlalwe nguthisha wakho empilweni yakho.

- Angasho nokuthi uthole imiphumela enjani, uyofundaphi, uyokwenzani, uthole umfundaze, njll.
- Angenza ngisho izethembiso thizeni njengokuthi nakanjani uma ethola ithuba uzovakashela lo thisha, angathembisa nokuthi uyomphathela ngisho nesipho asithandayo ukukhombisa ukuthi uyazibongela.

- Kanye nokunye okunembayo.

**Isakhiwo**: Liya kubani; livela kubani; usuku; isihloko
**Ulimi nohlelo**: izivumelwano; isipelingi
**Amagama** anele, ukubhala inani lamagama

**Amamaki esewonke: 100**

IEB Copyright © 2025